

Izintshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

Intshumayelo ngomkhosi wokukhumbula ukucandulwa kwekerike, ngomhla ka 30. 10. 2011

53/2011

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

1. Iculo 25/179

2. **Umkhuleko:** Nkulunkulu, Mninimandla-onke, maye, sibabaza kakhulu kangakanani ngoba usivulela inhliziyi yakho ngesifundiso sevangeli! Sisize ukuba esikhathini sethu, sithwale ijoka lokucandulwa ngokubekezela, ngoba liyisa imiphefumulo ediniwe eNdodaneni yakho uJesu Kristu. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabaseRoma 3:21-28;

Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuMathewu 5:2-12.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 142/125

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. **Ivangeli** ngohlelo lwesithathu lilotshiwe kuMathewu 10:26-33, lithi: “Ngakho-ke ningabesabi; ngokuba a... Ningabesabi ababulala umzimba bengenamandla okubulala umphefumulo, kepha kakhulu mesabeni onamandla okubhubhisa nomphefumulo nomzimba esihogweni. Akuthengwa yini imizwilili emibili ngendibilishi na? Kepha akuyikuwa phansi namunye kuyo ngaphandle kukaYihlo. Kodwa kini zibaliwe nezinwele zonke zekhanda lenu. Ngakho maningesabi; nina niyayidlula imizwilili eminingi. Ngakholokhu-ke yilowo nalowo oyakungivuma phambi kwabantu, nami ngiyakumvuma phambi kukaBaba osezulwini; kepha lowo oyakungiphika phambi kwabantu, nami ngiyakumphika phambi kukaBaba osezulwini.” Amen.

8. Intshumayelo:

Isihloko: “*UKUCANDULWA KWEKERIKE KUYISIPHAMBANO*”.

Isingeno: Zihlobo eNkosini, siyambonga uNkulunkulu osilondolozele isifundiso intshumayelo nesivumo esicwebileyo sezwi lakhe. Futhi sibonga namakholwa angaphezi ukukhuleka ‘asonto onke ukuba uNkulunkulu asithumele njalo abafundisi nabashumayeli abathembekile ngesifundiso nangenkambo. Phezu kwakho konke siyambonga uNkulunkulu osazoqhubeka ukulondoloza ibandla lakhe, nezwi lakhe namasakramente akhe noma amakholwa ekhohlwa ukumcela. Namhla sigubha umkhosi owabeka ikerike esiqongweni sentaba ukuze liphefumule umoya wenkululeko. Intaba enesibani, ecabiwe kahle nephawula umncele phakathi kweqiniso nezedukiso. Masingeneni emkhosini ngokuzikhumbuza nakhu:

1. Ukucandulwa kuyisiphambano sokwahlulela: Zihlobo eNkosini, emavisini 26-27, iNkosi ikhuluma ngomoya ozothile, ikhombisa abafundi bayo ukuthi njengoba ibathuma nje, isikhathi sokwahlukana, isikhathi sokuvumbulula, isikhathi sokugubukula, sesifikile! Konke kumelwe ukuvela ekukhanyeni. Ukuzilandulela konke kwaBafarisi nezazimthetho kumelwe ukudalulwa ukuthi kume phezu kwani. UMose, indoda kaNkulunkulu kanye nabaprofeti kade becasha ngabo, bamelwe bakhonjwe ngokuthi abajuda kababaqondanga. UJesu ukhulume nabo ngolaka lapho ethi, “*Maye kinina, ngokuba niyawakha amathuna abaprofethi, kanti oyihlo bababulala!*” (Luka 11:47). Ngokuthuma abafundi, kuyacaca ukuba, umgubuzelo kaMose umelwe ukususwa emehlweni abo imbala, ukuze bonke baqonde futhi bakholwe ukuthi yonke iminwe yabaprofethi, amakhosi nezingelosi, yayikhomba yena ome phakathi kwabo, hhayi omunye! Ukucandulwa esikhathini sethu kukhumbuza ikerike ukuthi, lingavumeli ububi njengoba uMikhali walalisa unkulunkulu-mbumbulu embhedeni kaDavide (1 Sam.19:13). Thina sonke bakithi, sinesibopho sokuzithoba phansi kwalesisiphambano sesahlulelo ngokuma ekukhanyeni kwesifundiso, kwentshumayelo nokulalela izwi kabusha. Lesisiphambano siyasikhuthaza ukuba njengoba “*weza kokwakhe*”, simamukele kanye nalokho eze nakho, okunguMoya, amanzi negazi. Ngalamazwi wahlulela izinhliziyi nonembeza njengoba enzile ngaBafarisi nezazimthetho. Ngalamazwi, webula isikhumba samanga ukuze iqiniso elinsobonsobo, elipholisayo, elondlayo, lifike emiphefumulweni egulayo, ephansi. Lokhu kulivangeli. Zihlobo, sokwenzani esikhathini sethu? Ngabe sizovuma ukuba sehlulwe yiNkosi ngezwi layo na? Kuyini okungcono? Ukusala ebumnyameni nasemangeni abantu abulalayo nabaloyayo kabi? Noma sizokwenza njengoDavide owathi, “*Masiwele esandleni sikaJehova, ngokuba umusa wakhe mkhulu, kepha esandleni somuntu masingaweli kuso*” (2 Sam.24:14). Isahlulelo sikaNkulunkulu sokwahlukanisa abakhe nobumnyama, akuvezi inxeba kuphela, kodwa kuyikhambi futhi. Ngakho masikubekezelele.

II. Ukucandulwa kuyisiphambano sengozi: Amavezi 28-30, akhomba ngokukhanya ukuthi ukumela iqiniso akuyikuba indaba elula. Phela sabona ngayo iNkosi ukuthi yathathwa njengomuntu onedemoni, yabukelwa phansi ngokungena endlini yezoni, idla nazo, noma kunjalo umlayezo wakhe kubo wawungozwakalayo, uthi, ‘uNkulunkulu ubahawukele, futhi lokho kungubufakazi bomthetho nabaprofethi’. Wayevame uJesu ukukhuluma kanje, “kulotshiwe emthethweni, ufunda kanjani?” Wayegcizelela ukuthi, isifundiso sakhe kasisisha kumbe isenezelo esivela emicabangweni yabantu. Qha! Utshengisile ukuthi uqhuba yona inkulumo yinye yomthetho nabaprofethi. NoPawulu, wabulawa ngokumela isifundiso semibhalo.

Namuhla zihlobo, sizochilizwa, uma sima ngelithi, ‘imibhalo yiyo isambulo nenkulumo kaNkulunkulu ebandleni, nokuthi incazelo yayo itholokala kahle ezivumweni zekerike ngokubuLuthere’. Sizohlekwa usulu kabuhlungu! uPawulu uthi, “*ngokuba senziwe umbukwane*

(theatron) wezwe nowezingelosi nabantu” (1 Kor.4:9). Namuhla izinkolo ezixuba amasiko nobukristu zinjengefu elimnyama eliza ngesivini esimangalisayo, elithanda ukumboza ikerike lobuKristu. Ake nibheke-nje ukwanda kwe-ZCC, Shembe nelikaModise! Kodwa uJesu wake wathi, *“ungesabi mhlambi omncane; ngokuba kwathandeka kuYihlo ukukunika umbuso*” (Luka 12:32). Kuyisiphambano esiyingozi enkulu, uma lokhu konke kwenza ukuba singabaze ngalokho esime kukho, uma kuqathaniswa nokubulawa, kuze kugijime igazi!. Thina sizibona singabancane kuphela, kodwa simelwe ukuqhubeka ngokuthunywa kwethu kokucandulwa, ukuze izwe lingaboni, sisho sithi, *‘simelwe ukwenza intando yalowo osithumileyo’*. Singesabi okudaliweyo, ngoba uMdali ungakithi nasekufeni-mbala. Isithembiso esikhulu sokuthi, siyathandeka, siyigugu emehlweni akhe, futhi uyasazi sonke, yonke indawo. Ngakho uLuther waziduduza ngokuthi, *“Noma besapuca imali nomzimba, nabo abantwana, asilutho lokhu UMBUSO ungowethu*” (Iculo 231/154, v.4).

III. Ukucandulwa kuyisiphambano sesivumo: Zihlobo, ukuvuma kusho ukumela lokhu okukholwayo, nalokho okufundisayo. Lowo ovuma iqiniso, uzifika eme yedwa, kwesinye isikhathi aphelelwe nangamazwi, athule nje. Ushilo uKristu wathi, *“niyakuyiswa nangaphambi kwababusi namakhosi ngenxa yami..”* Niyakuzondwa ngenxa yami, futhi nizakubulawa, kuphela ningesabi! Ukumphika uJesu kwenzekile phakathi kwabafundi, kusaqhubeka nanamuhla. Ngalesosikhathi babefanele bafakaze ukuthi uJesu unguMesiya, thina namuhla simelwe ukuvuma phezu kwalokho ukuthi: Umthetho kaNkulunkulu awuguqulwanga imithetho evumela konke yezwe lakithi, ukuthi ivangeli lezethembiso ezingaveli emibhalweni njengoba kufundisa amabandla avumbuka phakathi kwethu akusilo ivangeli elinomlayezo wokucandulwa. Ngokwempela kungumthetho obizwa ngokuthi ivangeli, alisindisi lifaka abantu ovalweni, futhi likhuthaza imisebenzi kunembeza wabantu. Sonke, sisindiswa ngomusa ngokukholwa kuKristu, ngaphandle kotho lwethu. Naso lesisivumo, siyisipho sikaMoya oNgcwele ngokwesithembiso seNkosi esithi, *“ngokuba akuyinina enikhulumayo, kodwa uMoya kaYihlo okhuluma kini*” (Math.10:20).

Masiqhubekeni kulesisivumo ngoba sinesithembiso esihle sokuthi iNkosi nayo ngeke isiphike phambi kukaBaba. Lokhu ukukhombisile ngokungasiphiki phambi kwabahluleli bakhe namasotsha anonya, wathula phambi kwabambethele. LeNkosi, ingeyeqiniso! Iyosilondozele izwi, intshumayelo namasakramente. Masizisebenzise, ngoba kungazo kuphela ithanda ukwakha ikerike layo. Semukele isahlulelo nokwahlulelwa, simcele uJesu Kristu ukuba asisindise engozini, nokusifinyelelisa ekuphumulweni, kubhalwe ematsheni amathuna ethu ngokukholwa, ngethemba, ngesivumo esaphila ngazo ngomusa kaNkulunkulu. Amen.

Isibusiso: Umusa weNkosi yethu Jesu Kristu, uthando lukaNkulunkulu Baba, induduzo nobudlewane bukaMoya oNgcwele, kube nathi sonke. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkosi sibonga isithembiso esikhulu sokuthi, amasango eHayidesi akasoze agwinya ibandla lakho. Sicela ukuba siphilwe sonke isibindi sabaprofethi nabapostoli, kanye neso

labo ukuze sehlukanise kahle iqiniso namanga. Gcina ikerike lobuKristu emhlabeni wonke eqinisweni lokucandulwa ukuze izoni zizwe ngesipho esihle osithumele zona, zemukeliswe isithembiso sonembeza wabo, okungukuthethelelwa kwezono ngoKristu. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 231/154

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyi zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-1999/2005 ngu-D. P. Tswaedi.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.